



# INGEDE

September 2023  
Volume 26  
Number 3

## OKUQUKETHWE



**Qaphela**



### IZINHLOBO ZOMOBA:-

Amasimu okuhlola izinhlobo zomoba kumele aphathwe ngendlela ngoba imiphumela yawo isiza iMboni kaShukela yonkana **(ikhasi 3-4)**.



### UNOMHLABATHI ONOSAWOTI?:-

Asiqaphele ukutakelana kosawoti emhlabathini kungabulala isitshalo sakho **(ikhasi 5-7)**.



### ASINGALAHLI IZIGUBHU ZEMITHI:-

Ukulahla izigubu ebezinemithi yezolimo nomangabe zikusiphi isimo kubeka encupheni izimpilo zabantu nemfuyo **(ikhasi 8)**.

### UKUTHOMBA OKUPHUZI (ORANGE RUST):-

Asivakashela amasimu ethu njalo njalo ukuze sihlole izifo nezinzambuzane ezikhahlameza umoba **(ikhasi 9)**.



# Amasu asemqoka: Akufike uncibijane sesiphothulile emasimini

 **Ibhalwe: nguThulani Masondo (Umphathi wabeluleki bama-SSG nama-LRG)**

Ngiphinde ngibingelele balimini, kulengxenywe yanamhlanje sizosizana ngokuthi yini okumele sikwenze ngoba sesitshala futhi silungiselela nokuvala kwabasebenzi. Kumele sikhumbule ukuthi njengoba silima silimela ukuthi senze inzuzo. Ngaso sonke isikhathi uma abeluleki bekubonisa ngokumele ukwenze inhloso yabo wukukubona uphumelela, ngakho ke siyacela ukuthi ubambisane nabo.

Nakuba sesikuMandulo ngithe angiqale enyangeni ephelile uNcwaba ukuze sikhumbuzane ngezinto okumele ngabe sezenziwe, ngaqhubeka nokusamele zenziwe kuze kube nguZibandlela. Angihlale phezu kwendaba:-

## NCWABA / AUGUST

- Qhubeka nokubulala ukhula lwasebusika.
- Futha ngophoyizeni umoba omdala kulawo masimu azotshalwa kabusha ngohlelo lokutshala ungalimanga (minimum till).
- Iba nesiqinisekiso sokuthi abeThimba leZifo neziNambuzane nokuSatshalaliswa kweziNhlolo zoMoba bayafika ukuzothatha amasampula emasimini akho embewu ukuhlola isifo uMbasha (RSD).
- Uma ulima ngas'Ogwini usungaqala ukufaka isikhuthazi emasimini akho.
- Uma sesidlulile isomiso, izimvula zokuqala seziqalile nokushisa sekukhona, qala ukutshala amasimu ofisa ukuwavuselela. Lesi yisikhathi esisincoma kakhulu sokuqala ukutshala ngoba umoba otshalwe ngalesi sikhathi ukhula uthole izimvula zokuthwasa kwehlobo kanye nezasehlobo, usheshe umboze, kanti nokushisa okudingwa isitshalo sikuthola kahle.
- Singakhohlwa ukuthi umhlabathi nembewu kumele kuhambisane, makube yimbewu egunyazelwe leyondawo, ufake umanyolo ngokwezincomo zabakwa-Fertilizer Advisory Services (FAS) uqikelela ukuthi ukhula alubibikho emasimini akho.



## MANDULO / SEPTEMBER

- Qala ukufaka isikhuthazi emasimini asehlahlwe ngokulandela izincomo zomhlabathi wakho ngokwaka-FAS.
- Faka izibulala-khula ezivimba ukhula lungakamili (makube ngezivimba ukukhula kokhula isikhathi eside).
- Qala ukutshala kwakho kwasentwasahlobo (ngokulandela izeluleko zabeluleki bakho).
- Hlola amasimu anohlobo lomoba oluzwelayo kwisifo iSiwumba (Smut) bese ukhipha izixhanti esezihlaselekile. Xhumana nomeluleki ukuze uthole izeluleko ngendlela eyiyo yokukhipha lamasinde omoba ukuze imbewu yesifo ingatshaleki insimu yonke.



## MFUMFU / OCTOBER

- Hlola amasimu abefakwe izibulala-khula ngenyanga edlule ukuthi ukhula lufa kahle yini.
- Qala ukutshala kwakho kwasehlobo ngokugcwele.
- Bheka amasimu anokhula oluyinkinga bese ulwa nalo.
- Qhubeka nokuhlola amasimu anohlobo lomoba oluzwelayo kwisifo iSiwumba (Smut) bese ukhipha izixhanti esezihlaselekile.
- Uma ulima Maphakathi nezwe – qala ukufaka isikhuthazi.



## LWEZI / NOVEMBER

- Hlola amasimu anohlobo lomoba oluzwelayo kwizifo iSiwumba (Smut) kanye noMabalabala (Mosaic) bese ukhipha izixhanti esezihlaselekile.
- Ezindaweni ezinencinga yesifo uMabalabala, ungalokothi utshale kusukela ekuqaleni kukaLwezi kuya ekuqaleni kukaNhlolanja.
- Gunda noma usike amabhande nonqenqema kuhlale kuhlanzekile.



## ZIBANDLELA / DECEMBER

- Bheka ukhula olungafanga noma oluqubuke kamuva emasimini bese ulwa nalo kanjalo nalolo oluyinkinga.
- Hlola ukuthi umoba omdala obufuthiwe usha noma ufa kahle ngaphambi kokuthi abasebenzi baye emaholidini kancibijane.
- Phothula ukutshala kwakho maphakathi nenyanga (engakapheli uZibandlela).
- Hlola amasimu anohlobo lomoba oluzwelayo kwizifo iSiwumba (Smut) noMabalabala (Mosaic) bese ukhipha izixhanti esezihlaselekile.
- Qhubeka nokulwa nokhula oluyinkinga.



# Ukukhetha nokuphathwa

 **Ibhalwe: nguLindani Mchunu (Umsizi ngocwaningo)**

Ukukhetha uhlobo lomoba enye yezinqumo ezibalulekile abalimi okumele babenazo em'qondweni umangabe befuna ukukhulisa umoba omuhle nonenzuzo. Izincomo ngezinhlobo zomoba zincike kwisifunda ezizotshalwa kuzo, kuhlobo lomhlabathi kanye nenkathi yokuhlahla. IMboni kaShukela eNingizimu Afrika izibophezele ekulekeleleni abalimi abalima ngokuncane ngokuthuthukisa ulwazi lwabo ngomoba, ngokukhiqiza kanye nangesivuno. Kodwa okwamanje iMboni inolwazi oluncane mayelana nezinhlobo zomoba ezitshalwe abalimi abalima ngokuncane, yingakho abeluleki kanye nabacwaningi bakwa-SASRI bebone kunesidingo sokusungula amasimu okuhlola izinhlobo zomoba kulezindawo. Lamasimu okuhlola izinhlobo zomoba azosiza aphinde afundise abalimi abalima ngokuncane ngokutshala izinhlobo zomoba ezintsha. Okwamanje, kunamasimu amahlanu okuhlola izinhlobo zomoba emasimini abalimi abalima ngokuncane kwizifundamshini ezahlukahlukene. Amasimu okuhlola amathathu atshalwa e-Filixton, e-Amatikulu nase-Melmoth ngonyaka wezi-2019. Enye insimu yokuhlola yatshalwa Ogwini oluseNyakatho endaweni yase-Groutville ngonyaka wezi-2021. Kulonyaka (2023) kusandakutshalwa insimu yokuhlola Ogwini oluseNingizimu. Kuhlelwa ukutshalwa kwamanye amasimu okuhlola amathathu eMalelane, maphakathi nesifundazwe (Mbumbulu) kanye nas'Ogwini oluseNyakatho (Darnall).

Lamasimu okuhlola ayingxenywe yokuhlola okukhulu lapho inhloso kuwukuthola izinhlobo zomoba ezilungele izimo zemvelo ezahlukahlukene kanye nokuphathwa ngezindlela ezingafani. Indawo eba yinsimu yokuhlola kusuke kuyindawo emele izimo zokukhiqiza ezejwayelekile kwisifunda, lokhu kusiza ekusebenziseni imiphumela ezotholakala kulensimu kwezinye izindawo ezifanayo eMbonini kaShukela eNingizimu Afrika. Imiphumela ezotholakala angeke isize abalimi kuphela kodwa iMboni yonkana.

Ngesikhathi sokuhlahla, imiphumela ithulelwa abalimi ngezinsuku zabalimi lapho abalimi bethola ithuba lokuya ensimini yokuhlola bazibonele umehluko ephathelene nokukhiqizwa kwezinhlobo ezahlukahlukene zomoba. Umangabe seyiqoqwe yonke imininingwane yahlaziywa mayelana nokuhlolwa kwezinhlobo zomoba, umlimi obenensimu yokuhlola uyayithola lemiphumela ukuze aqhathanise indlela izinhlobo ezahlukahlukene zomoba zikhiqiza ngayo ensimini yakhe. Umcwaningi uzophinde asebenzise lemiphumela ukwenza izincomo ngezinhlobo zomoba ezikhiqiza kunazonke nezimelelana nezifo.



**Umlimi ensimini yakhe, itshalwa izinhlobo zomoba ezizohlolwa**



# Ukuphathwa komhlabat nonobumuncu

 **Ibhalwe: nguThandile Mdlambuzi (Usosayensi kwezemihlabathi)**

Umhlabathi uma unobusawoti kanye nobumuncu yilapho sekunosawoti oncibilikayo omningi kakhulu kangangokuthi kuthikamezeke imisoco emhlabathini kanye nokukhula kwesitshalo. Abalimi bomoba babhekana nezingqinamba ezahlukahlukene ekuphatheni umhlabathi onenkinga yobusawoti kanye nobumuncu. Lenkinga yobusawoti ivamise ezindaweni ezomile nezomisile. Ziningi ke izindlela losawoti ongaqhamuka ngazo kodwa imvamisa kungaba ngomanyolo, amanzi okuchelelwa ngawo, ukwakheka komhlabathi, nezinye izimo ezenziwa abantu. Kubalulekile ukuqonda ukuthi ubusawoti kanye nobumuncu budalwa yini nanokuthi benzani emhlabathini nasesitshalweni ukuze kutholakale izixazululo zokulungisa umhlabathi ezinenqubekela phambili, kusetshenziswe amanzi ngendlela kuthuthukiswe izivuno. Ukuchelela ngokweqile nangaphansi ngezikhathi ezithile onyakeni kungaholela ekutheni umhlabathi ube nobusawoti noma nobumuncu. Ngaphezu kwaloko, ukuba nohlelo lokudonswa kwamanzi olungeyilo noma ukungabi nalo nhlobo kungenza lenkinga ibenkulu.

Umhlabathi onemisoco eminingi ehlahazeka kalula inyusa ubungako bosawoti emhlabathini. Kanjalo nokushintshashintsha kobungako bamanzi asekujuleni komhlaba nokutsheka/nokuqethuka kwensimu nakho kunomthelela ekubeni nosawoti komhlabathi. Imihlabathi yaseMpumalanga (eMalelane kanye naseKomati) imvamisa iba nenkinga yobusawoti ngenxa yohlobo lomhlabathi abanalo kodwa oPhongolo naseMfolozi ubusawoti bakiwa amanzi abawasebenzisayo uma bechelela.

## Ubusawoti emhlabathini

Umhlabathi onobusawoti umhlabathi onenqwaba yosawoti oncibilikayo. Umangabe losawoti usumuningi kakhulu emhlabathini, unciphisa ukubakhona kwamanzi esitshalweni okuzoholela ekutheni sibe nencindezi edalwa ukuswela amanzi singabesisakhula kahle. Ngaphezu kwaloko, uma usawoti usum'ningi kakhulu ungathikameza ukumunceka kwemisoco edingwa isitshalo, isitshalo singabesisathola umsoco owanele noma imisoco iphenduke ubuthi esitshalweni singabe sisakhula kahle.



**Isithombe 1:** Ubusawoti – usawoti omhlophe ngaphezu komhlabathi

# hi onobusawoti kanye

## Ubumuncu emhlabathini

Izinkinga ngobumuncu zenzeka umangabe amanzi okuchelela enesikali somsoco i-Sodium esikhulu uma usiqhathanisa nesikali se-Calcium ne-Magnesium, lokhu kuholela ekutheni lemiso ibe miningi kakhulu emhlabathini. Ziningi izinto ezenzeka esitshalweni uma lemiso isiminingi kakhulu. Uma i-Sodium isiningi kakhulu, umhlabathi uyahlakazeka kunciphe ukungena kwamanzi bese umhlabathi uyoma phezulu ube uqweqwe. Ukushitsha kwesakhiwo somhlabathi one-Sodium eningi kwenza amanzi angahambi kahle kube namaxhaphozi ensimini. Nokushintshana kwemisoco phakathi kwesitshalo nomhlabathi kuyaphazamiseka, lokhu kunciphisa imiso edingwa isitshalo ukuze sikhule kahle. Okunye umlimi angakubona uma umhlabathi unosawoti obuningi amaqabunga ashile.



**Isithombe 2:** Umhlabathi onobumuncu obuningi (ono-Sodium)

## Ukuhlola ubusawoti nobumuncu emhlabathini

Amasampula okuhlolwa ubumuncu kanye nobusawoti imvamisa athathwa ekujuleni okungu 0-30, 30-60, kanye no-60-90cm kusetshenziswa i-Dutch auger. Umangabe uthatha amasampula azohlolwa ubumuncu nobusawoti, kubalulekile ukubheka izindawo eziqothukile nezihlukile ensimini yakho. Kumele kuthathwe amasampula ngokuhlukana, awezindawo ezingezinhle (okusoleka ukuthi zinenkinga yobusawoti/yobumuncu) kanye nawezindawo ezinhle (ezingakhombisi inkinga). Kumele uthathe amasampula amathathu kuya kwamane kulendawo oyisolayo uphinde uthathe amanye amathathu kuya kwamane endaweni ongayisoli. Onke amasampula owathathe endaweni oyisolayo kumele ahlanganiswe ndawonye ukwakha isampula elilodwa ozolithumela liyohlolwa. Uphinde wenze okufanayo kumasampula alendawo ongayisoli ukuthi inenkinga. Ungalinge uhlanganise amasampula alezindawo ezahlukene ngoba uzothola izincomo okungezizo. Kubalulekile nokuthumela amasampula amanzi ochelela ngawo nowo ayohlolwa.



## Ukuhlaziya imiphumela yobusawoti

Ubusawoti buba amazinga angafani emhlabathini. Itafula elingenzansi lingakusiza ukuhlaziya imiphumela ebuya elab.

**iTafula 1: Ubungako bobusawoti, izigaba kanye nemiphumela yawo emobeni**

EC (mS/m)	Izigaba zobusawoti	Imiphumela emobeni
0 – 200	Abukho ubusawoti	Ayikho
<b>200</b> – 400	Usawoti muncane	Incane
400 – 600	Usawoti umaphakathi	Isivuno sincipha ngo-50%
> 600	Usawoti muningi	Isinde liyafa

## Ukuhlaziya imiphumela yobumuncu emhlabathini

Umasihlaziya imiphumela yomhlabathi onobumuncu, kubalulekile ukuqonda uhlobo lomhlabathi onalo ngoba umhlabathi unobumba olungalingani futhi awuhlakazeki ngendlela efanayo.

**iTafula 2: Amazinga abalulekile okudonseka kwe-Sodium (Critical SAR) kanye nokushintshaniseka kwayo (Critical ESP) emihlabathini eyahlukene yokukhiqiza umoba.**

Critical SAR (6) (Critical ESP 7)	Critical SAR (10) (Critical ESP 12)	Critical SAR (15) (Critical ESP 17)
Ngokuvamile umhlabathi awukhama amanzi kahle, umpunga uhlakazeka kalula. Imvamisa isihlabathi esingenamquba.	Awusheshi ukukhama amanzi, unobumba oluvuvukayo. Imvamisa umhlabathi onobumba oluningi.	Ikakhulukazi umhlabathi okhama kahle amanzi, awuhlakazeki kalula. Imvamisa uthalaka ezindawini eziphezulu.

## Ungawuphatha futhi uwulungise kanjani umhlabathi onalezinkinga

### Umhlabathi onobusawoti nobumuncu

1. Kumele uqikelele ukuthi amanzi ahamba kahle awami phezulu ensimini.
2. Faka amanzi anele ahlanzekile ukususa usawoti.

### Umhlabathi omuncu

1. Kumele uqikelele ukuthi amanzi ahamba kahle awami phezulu ensimini.
2. Kumele ufake umquba omningi ukusiza isakhiwo somhlabathi (ungatshala izitshalo eziluhlaza njengokolo).
3. Ungafaka umcako (gypsum) ngokwezincomo, kumele sikhumbule ukuthi umsoco we-Sodium kumele ushintshaniswe ne-Calcium noma ne-Magnesium ukuze isakhiwo somhlabathi sibe ngcono.
4. Kumele ufake amanzi ahlanzekile anele ukususa usawoti, ukuze izimpande zizokhululeka ukumunca imisoco namanzi.
5. Uma uqeda ukuhlahla ungachelela kabili noma kathathu ngosuku ukuqikelela ukuthi usawoti uyasuka ngasezimpandeni zesitshalo.

Kubalulekile ukugwema ukwakheka nokutakelana kosawoti emasimini. Uma usebenzisa ukuchelela ukugwema izinkinga, qikelela ukuthi imigudu yokuthwala amanzi yanele futhi isesimini. Ungasebenzisi amanzi angahlanzekile ukuchelela futhi qapha ukuthi usawoti awutakelani emhlabathini.





# Ukuphathwa kwamaphakethe nezigubhu zemithi

↳ Ibhalwe: nguSindile Nqayi (Umsizi ngocwaningo) kanye no-Anushka Gokul (Usosayensi wemithi yezolimo)



## Ukuphathwa kwemfucuzo yokuphatha imithi yezolimo

Ukungaphathi ngendlela imfucuzo yemithi yezolimo kunemiphumela engemihle kwimvelo nasezimpilweni zabantu. Imfucuzo yemithi yezolimo ifaka uketshezi, nanoma ngabe yini enezinsalela zomuthi ongasasetshenziswa, lokhu kufaka amaphakethe/izigubhu zemithi yezolimo. Ukusebenzisa kabusha, ukudayisa kanye nokunikela ngemfucuzo enobungozi akukho emthethweni. Ngaphezu kwalokho, ngokuvumelana nomthetho we-National Environmental Management Waste Act No.59 of 2008, imfucuzo enobungozi nezigubhu zemithi eziqezwe akumele zigqitshwe noma zishiswe epulazini ukwenza njalo kuyicala elibomvu.

## Ubungozi obuhambisana nezinto zokuphatha imfucuzo yemithi yezolimo

Ukushisa imfucuzo enobungozi kanye nezigubhu eziqezwe zemithi kungaba nemiphumela emibi njengokulimala kanye nomonakalo kwimpahla, ngoba enye imfucuzo yemithi yezolimo ingavutha noma iqhume. Ngaphezu kwalokho, ukulahla nokugqiba izigubhu zemithi ezingenalutho kungase kungcolise umhlabathi, amanzi kanye nemvelo. Kubalulekile ukuthi izigubhu zemithi yezolimo zingasetshenziswa ukufaka izinto zasekhaya. Ukuchaphazeleka noma ukudla ubuthi obunobungozi kungaholela ekuguleni okubi noma okungapheli. Ukuze kunciphe ubungozi obuhlobene nezigubhu zemfucuzo yemithi yezolimo, umuntu kumele alandele imigomo yokuphathwa kwemfucuzo yemithi yezolimo.

## Ukukhuculula nokulahla izigubhu zokuphatha imfucuzo yemithi yezolimo

Kusukela ngonyaka wezi-2012 u-CropLife SA wenza uhlelo oluqondile lokuphatha izigubhu zemithi. Le nhlangano njengamanje inabantu abagunyaziwe ababalelwa ku-181. Ngaphezu kwaloko, u-CropLife SA usungule uhlelo olunengqubo mgomo ngokususa nokulahla ukungcola kwemithi yezolimo eyahlukahlukeni.

Abalimi bayakhuthazwa ukuthi basize ekuphathweni kwezigubhu zemithi yezolimo ezingenalutho ngokuzikhuculula ngokwanele kulandelwa umhlahlandlela wabalimi wakwa-CropLife baphinde bahambise izigubhu ezikhucululiwe kubantu abagunyazwe ukuphatha lenhlobo yezigubhu.

Ngokwemigomo kunonywa ukuthi izigubhu ebeziphethe imithi yezolimo zigezwe kathathu ukuze kusuke 99.9% wobuthi obusalele esigubhini. Ngaphambi kokugeza isigubhu ebesinomuthi wezolimo kumele lowomuntu agqoke izembatho zokuzivikela emuthini njengokusho kwelebuli elisesigubhini. Faka amanzi angamaningi esigubhini osigezayo usixukuze okungenani imizuzwana engamashumi amathathu. Amanzi obekuxukuzwa kugezwa isigubhu ngawo kumele athululelwe lakuxutshelwa khona imithi yokufutha noma lakufakwa khona imfucuzo ezoyolahlwa. Lokhu kumele kwenziwe kuphindelelwa kathathu. Emva kwaloko isigubhu sesingabhotshozwa ngaphambi kokuthi silandwe ilabantu abagunyaziwe ukuphatha lohlobo lwesigubhu.



Iminingwane ethexaxa ingatholakala ekhasini lakwa-CropLife SA elithi: [www.croplife.co.za/Home/ContainerManagement](http://www.croplife.co.za/Home/ContainerManagement)



Thola ama-video amafishane amayelana nomoba ngo-WhatsApp (Kumeluleki) naku-YouTube (SASRI)



**Qaphela**

# UKUQWASHISA NGOKUTHOMBA OKUPHUZI (ORANGE RUST)

 **Ibhalwe: ngu-Sharon McFarlane (Umcwaningi ngezifo zomoba kwa-SASRI)**

Emva kokutholakala kokuthomba okuphuzi (orange rust) ngoNhlolanja (February) onyakeni ophelile (2022), izigameko zokuthomba okunsundu kanye ne-tawny rust nazo zinyukile. Izimvula zasekuqaleni kwehlobo ezazizihle zazivuna ukudlondlobala kokuthomba okuphuzi, ukutheleleka okusha kuqale kwabikwa/kwatholakala eMfolozi ekuqaleni kukaMasingana (January) kulonyaka (2023). Lesi sifo sibonakale okokuqala eNingizimu nesifundazwe ngoNhlolanja saphinde sabonakala eMpumalanga emva kwezikhukhula ezenzeke ngoNhlolanja kuwo lonyaka. Manje sesitholakala kuzozonke izindawo zokuLawula iZifo neziNambuzane. Abalimi balulekwa ukuthi bafuthe isibulala-sikhutha esibhaliselwe ukulawula lesi sifo kulawo masimu ayinkinga.

Okwamanje, indawo yeseMfolozi Flats iyona ikakhulukazi evuna ukudlondlobala kokuthomba okuphuzi, izinhlobo zomoba eziningana kulendawo zikhombisa ukutheleleka okumaphakathi nokunzima. Ukutheleleka kulendawo bekunzima kakhulu kusukela ngoMasingana (January) kuya kuMbaso (April), ukutheleleka okusha kuqhubekile kwaze kwaba uNtulikazi (July) noma izimpawu bezimaphakathi.

**iTafula 1: Izinkathi zonyaka lapho ukuthomba kungalindeleka ngazo (la kugqamile khona izinkathi lapho ukutheleleka kukuningi):**

Orange	JAN	FEB	MAR	APR	MAY	JUN	JUL	AUG	SEP	OCT	NOV	DEC
Brown	JAN	FEB	MAR	APR	MAY	JUN	JUL	AUG	SEP	OCT	NOV	DEC
Tawny	JAN	FEB	MAR	APR	MAY	JUN	JUL	AUG	SEP	OCT	NOV	DEC


Zingaphezu kwamaphesenti angamashumi ayisithupha (60%) izinhlobo zomoba esezikhombise ukuzwela ekuthelelekeni ngalesi sifo. Ukutheleleka bekumaphakathi kulezinhlobo zomoba uma izimo zisivumela isifo. Kodwa, ezinye izinhlobo zomoba zikhombisa izimpawu ezimaphakathi kuya kwezinzima kwesinye isikhathi.

Okwamanje, ukuthomba okuphuzi akukabonakali/akukatholakali kulezinhlobo zomoba: N36 (ochelelwayo/ongachelelwa) kanye no-N48, N54, N55, N56, N59, N61, N64, N72, N74 kanye no N77 (ongachelelwa). Kodwa, ukutheleleka okunzima sekubonakele kwamanye amasimu atshalwe lezinhlobo ezilandelayo: N23, N41, N49, N60, kanye no-N70 (ochelelwayo), kanye naku-N52, N62, N63, N66, kanye no-N76 (ongachelelwa).

Abakwa-SASRI abaQikelela ukuVikeleka koMoba bayaqhubeka nokuqapha isimo futhi bayabika umangabe behlangabezana nokuthomba okuphuzi kuzozonke izindawo zokuLawula iZifo neziNambuzane. Ucwangingo ukuze saziwe kangcono lesi sifo embonini yase Ningizimu Afrika ngokubheka amasimu okuqapha lesifo kanye nokulahleka kwesivuno luyaqhubeka.



# Amagundwane emobeni

 **Ibhalwe: ngu-Sharon McFarlane (Umcwaningi ngezifo zomoba) kanye no-Paul Botha (Umeluleki wabalimi)**

NgoNhlanguvana kulonyaka (2023), umlimi wasendaweni yase-Eston wabika ngezindawo ezinkulu ezomile emasimini lapho bekukhona umoba osuvuthiwe olele u-N62. Uma sekuhlolwa, izingxenye zesiqu ezazikhahlamezekile, ikakhulukazi ikhanda lomoba, lalikhombisa ukuthi lihlahfuniwe. Kutholwe ukuthi amagundwane iwonaenzelomonakalo, umoba olalile ubusuyisidleke ehlala khona futhi abuye azidlele wona umoba.

Amagundwane ayisinambuzane esiyingozi kakhulu kwezinye izimboni zomoba, okufaka kuzo imboni yase-Australia lapho isivuno kanye nobushukela bungehla ngamaphesenti afinyelela kwangamashumi amathathu (30%) emasimini akhahlamezekile. Isikhungo sezoCwaningo e-Australia sibika ukuthi amagundwane adla ikakhulukazi amahlumela kanye nembewu yotshani kanye nokhula olunamaqabunga amakhulu ehlobo, kodwa uma sekubanda kwehla nemvula umoba uba ukudla kwawo okubalulekile. Umonakalo uvamise emasimini anomoba osukhulile osenqenqemeni lwezindawo ezingatshaliwe lapho amagundwane ezalela khona.



Izincomo zokunciphisa inani lamagundwane zifaka ukugcina amasimu engenalo ukhula nokusika amabhande ukuze kugwenywe ukuqhakaza kotshani nokhula. Amabhokisi kanye nezindawo zokuma zezikhova nazo ziyanconywa ukuthi zibekwe ensimini. Ucwano lwas Florida ngohlobo lwezikhova olubizwa ngama-Barn Owls lukhombise ukuthi umndeni onezikhova ezinhlanu kuya kwezizithupha ungasidla amagundwane abalelwa kwizinkulungwane ezintathu (3000) ngesizini. Abanye abalimi endaweni, lapho umonakalo owenziwe amagundwane uholela ekulahlekelweni okubalelwa

kwizigidi ezingamashumi amathathu zamadola (\$30 million) ngonyaka wezi 1970s, manje seabeka ukuthi abasayidingi imithi yokubulala amagundwane ngoba seabafaka amabhokisi ezikhova emapulazini abo.

Amagundwane angavikelela ekuzingelweni adliwe ezinye izilwane (njengezikhova) emasimini omoba, ikakhulukazi uma umoba ulele, kodwa kulezindawo amagundwane azalela khona angazingeleka adliwe ezinye izilwane eziwadlayo.



Thola ama-video amafishane amayelana nomoba ngo-WhatsApp (**Kumeluleki**) naku-YouTube (**SASRI**)

# Izinguquko ngezifundo zokulima umoba

Phambilini isikhungo sezoCwaningo ngoMoba eNingizimu Afrika (SASRI) besiba nezifundo zokulima ngomoba kane ngonyaka, ezimbili zalezifundo bekuba yi-Junior Certificate in Sugarcane Agriculture (JCC) mese lezi ezinye kube yi-Senior Certificate in Sugarcane Agriculture (SCC). Izifundo ze-Junior Certificate in Sugarcane Agriculture ezithatha amasonto amathathu azisatholakali ngaphansi kwa-SASRI kodwa sezitholakala ngaphansi kweShukela Training Centre (STC). Izifundo ze-Senior Certificate in Sugarcane Agriculture zona zisazoqhubeka zitholakale kwa-SASRI njengenjwayelo, ezilandelayo nje zizoba ngonyaka ozayo (2024) kusukela mhlaka-5 ngoNhlolanja (February) kuya kumhlaka- 8 ngoNdasa (March). Abafuna ulwazi oluthe xaxa mayelana ne-Junior Certificate bangathinta abakwa-STC ku +27(31)508 7700 noma bathumele i-email ku: [shukela.training@sasa.org.za](mailto:shukela.training@sasa.org.za)



## ABADIDIYELI

Sifiso Hlela, Thulani Masondo, Bulela Phoswa, Khanyisile Buthelezi, Bongwiwe Chonco, Nqobile Nxumalo & Wayne Mthembu (Umhleli)  
Ikhishwa kathathu ngonyaka; January, May nango-September  
Imibono nemibuzo: Nqobile Nxumalo: 031 508 7511 Email: [Nqobile.Nxumalo@sugar.org.za](mailto:Nqobile.Nxumalo@sugar.org.za)

11

Thola ama-video amafishane amayelana nomoba ngo-WhatsApp (**Kumeluleki**) naku-YouTube (**SASRI**)



Amalungelo okuqopha aqukethwe kulo mbhalo. Ayikho ingxenye yalo msebenzi engaphinda yenziwe nanganoma iyiphi indlela ngaphandle kwemvume ebhaliwe yomshicileli. Yize yenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ubuqotho bolwazi olushicilelwe kulo msebenzi, isikhungo sezoCwaningo ngoMoba saseNingizimu Afrika (SASRI) asizukuthathelwa zinyathelo ngokulahleka noma ukulimala okungehlakalela umuntu ngenxa yokulandela ulwazi oluqukethwe lapha. Ukusetshenziswa kwamagama nezikhangisi ezinobunikazi kulomshicilelo akungathathwa njengokuqinisekisa/guqugazela ukuthi zisetshenziswe.

